# INYUZILETHA YELUNGU

**DECEMBER 2022**





**Lungu Elithandekayo**

Sifike ekupheleni komunye unyaka obunezigigaba esithole kuwo okuhle kakhulu kanye nezinselelo. Sibe nokuzimisela okukhulu ezimpendulweni zethu kulezo zinselelo kanti siyakubonga okuhle ezikwazile ukukufeza.

**Lokhu kubandakanya kodwa kungenamikhawulo ekutheni:**

- eMpuma Koloni kwafunyanwa ngemibukiso yomgwaqo yezinzuzo ezingafunwanga abavukuzi asebayeka abangu-271 kanye nabazuzayo babo, okwafinyelela enanini lamarandi ayizigidi ezingu-R30:
- Ukwandisa izinzuzo zomngcwabo kusukela mhlaka-1 Okthoba 2022 zisuke emarandini angu-R40 000 ziye kwangu-R50 000 emalungwini, nakubalingani babo kanye nezingane ezisukela eminyakeni yokuzalwa engu-14 kuya kwengu-25: kanye

Nezinye izinhlelo eziningi. Inhloso Yesikhwama yokudalela amalungu ifa lezezimali eliyohlala njalo yiwona mfutho oziqhubayo futhi usigqugquzele kukho konke okwenziwe YisiKhwama kulo nyaka. Lokhu kusazoba yinhloso yethu nango-2023.

**Sicela uqaphele ukuthi Isikhwama okubandakanya neNhloko Hhovisi, Izikhungo okwazi ukuzifikela kuzo kanye namaHhovisi e-EBS kuzovalwa kusukela ngesikhathi sika-13h00 mhlaka 23 Disemba 2022 kuze kuvulwe mhlaka-03 Januwari 2023.** Abakwa-MWPF banifisela amaholide okuphela konyaka abusisekile. Egameni Lebhodi Yamathrastizi, ngithanda ukudlulisa ukubonga kinina okuvela ekujuleni kwenhliziyo ngokuthi nikhethe thina ukuthi sibe Yisikhwana senu.

Silindelwe yisikhathi esisha kulo nyaka omusha futhi sibheka phambili ukuthi unyaka wethu ube yimpumelelo. Sengathi wena nomndeni wakho ningaba nesikhathi sokuphela konyaka esinokuthula kanye nezibususo.

Kulabo abanohambo oluya ezindaweni ezihlukahlukene, sithi ngigcineke niphephile!

**Ngiyabonga**
**Frans Phakgadi**
**Principal Officer and Acting CEO**



# U-Ms. Mathabo Makhaya uwine i-SAICA CA(SA) Top-35 Under-35

I-South African Institute of Chartered Accountants (SAICA) Top-35-Under-35 ngumcintiswani waminyaka yonke obongela ama-CA(SA) amancane angabaphumeleli abangavelele nje ngokwemfundo yabo, kodwa futhi abanegalelo elibonakalayo emphakathini. NgolwesiHlanu mhlaka-25 kuNovemba 2022, U-Ms. Mathabo Makhaya wamenyezelwa njengowinile jikelele ngo-2022 ku-SAICA CA(SA) Top-35-Under-35

U-Ms. Makhaya uyi-Group Financial Manager kwa-Harmony Gold Mining uyilungu elidala le-MWPF elibandakanyekayo kuBaqashi futhi abe nguSihlalo we-MWPF Investment Sub-Committee.

**Ibhodi Yamathrastizi e-MWPF Nabaphathi Nabasebenzi bafisa ukuhalalisela u-Ms. Makhaya ngalempumelelo engavamile.**



# Ukwenza i-Annuatisation Yomhlomulo Wokulimala Nempoqo

Ngo-2021, nge-T-day izinguquko ezaba nomthelela ezikhwameni ze-povident fund neze-preservation provident fund zaqala ngomhlaka-01 kuMashi 2021. Engxoxweni yethu eyedlule emayelana nalezi zinguquko, sasho ukuthi amalungu esikhwana se-provident fund kanye nawese-provident preservation fund angaphansi kweminyaka yobudala engu-55 ngaleso sikhathi, kuyodingeka asebenzise u-2/3rd wemali yawo elondolozelwe umhlalaphansi ukuthi athenge ngempoqo i-pensions/annuities bese kusebenza umthetho othi u-1/3rd womhlomulo ongukheshi oyisamba uya kumhlomulo we-commutation kanti u-2/3rd uya kumhlomulo we-benefit annuitization kuyo yonke imihlomulo yomhlalaphansi, ngaphandle uma isamba semali yomhlomulo womhlalaphansi sizoba ngamarandi angu-R247 500.00 noma ngaphansi

Sicela uqaphele ukuthi lezi zinguquko ezingenhla emalini yentela ziyasebenza nakumshuwalense wesamba semali yomhlomulo wokukhubazeka. Lokhu kusho ukuthi, ilunga eselichazwe njengelikhubazekile unomphela futhi ngokuphelele ngakhoke selifanelwe umhlomulo oyi-PTD oyiphinda ka-3 imali yomhlolo wonyaka (noma izinyanga ezingu-36), ngeke lisathola imali yomhlomulo woshuwalense wolukhubazeka oyisamba sikakheshi. Ilunga manje kudingeka lithenge ngempoqo impesheni lisebenzisa ingxenye yesamba semali yomhlomulo wokukhubazeka unomphela, ukuze lithole imali engenayo nyanga zonke; uma isamba singaphezulu kwamarandi angu-R247 500. Amalungu kuyodingeka asebenzise u-2/3rd womhlomulo wawo ukuthenga i-annuity/pension ngempoqo. Ilungu liyovunyelwa ukuthatha isamba somhlomulo esiyi-1/3rd njengemali engukheshi.

Kumele uqinisekise ukuthi uyaligcwalisa ifomu lokukhetha i-annuity, kanye kanye nefomu lokuqoka ngesikhathi ufaka isicelo. Kusazoba khona ukufundiseka kakhudlwana mayelana nalokhu ngesikhathi semibukisi yomgwaqo ama-Member Education Roadshows ngo-2023. Sicela uqinisekise ukuthi uyayihambela enye yawo eqondene nemayini yakho.



# Ukubuyekeza Ngezitatimende **Zemihlomulo kanye Nokuzisabalalisa ngo-2021**

**Siyajabula ukunazisa ukuthi ukusabalilisa izitatimende zemihlomulo zika-2021 kuzokwenziwa kusukela esontweni eliqala ngomhlaka-19 Disemba 2022 kuze kube uJanuwari 2023, kuzoqalwa Emalahleni.**

**Ungakwazi ukufinyelela ezitatimendeni zakho zomhlomulo:**

- ngokungena kukhompiyuthausebenzisa iwebhusayithi yeSikhwama ethi-, www.mwpf.co.za;
- Nange-aphu ekumakhalekhukhwini: noma
- Ngokuthumela i-imeyili ku-clientservices@mineworkers.co.za ucele ikhophi yesitatimende somhlomulo ngekhompiyutha.

Disclaimer: The information provided in this newsletter is protected by applicable intellectual property laws and cannot be copied, distributed or modified for commercial purposes. While every effort has been made to ensure that the information contained herein is current, fair and accurate, this cannot be guaranteed. The use of this information by any third party shall be entirely at the third party's discretion and is of a factual nature only. Please note that if the content of the newsletter conflicts with the Rules of the Fund, the Rules shall prevail. MWPF does not accept any liability due to any loss, damages, costs and expenses, which may be sustained or incurred directly or indirectly as a result of any error or omission contained herein.